Kwahlokoma izwi elikhulu.

“Ngcingci, nanso inyamazane izithela kimi phela!
Nginukelwa yigazi lomfanyana!”

Kwakuyisiqhwaga esinenhliziyo embi.

“Ngibambe phela uma ungase ukwazi,” kugcona uPhama.

UPhama wabona isikhwama somlingo. Ngaphakathi kwaso kwakunegolide lonke elake lembiwa yisizwe salapho. UPhama wabona umculi onomlingo. Wayazi wonke amaculo ake aculwa yisizwe. UPhama wabona ihansi elinomlingo. Lalizalele iqanda legolide elalingatholwa yiwo wonke umuntu.

“Ngizokubuyela nomcebo Gogo,” kumemeza uPhama eqondise kuGogo wakhe owayemi phansi.

UGogo wavele waphefumulela phezulu.

UPhama wakha isikhwebu esesilungile ohlangeni lommbila. Wasosa emlilweni. Wancibilikisela ibhotela ezinhlamvini zegolide zommbila kanti-ke lelo phunga lase likhuphukela emakhaleni esiqhwaga.

“Ngilethele uthi lwami lokuvungula olukhulu kakhulu,” kumemeza isiqhwaga.

UPhama wayengasekho lapho.

Sasingasekho nesikhwama.

Kanye nomculi.

Kanye nehansi.

Kwakungasekho luhlanga lommbila futhi.

Angithi phela lwase lugencwe lwawiswa phansi uPhama.

UPhama nohlamvu lommbila

Ibhalwe nguMargot Bertelsmann • Imifanekiso kaChantelle noBurgen Thorne

Imibono okungaxoxwa ngayo

Ingabe kulungile ngoPhama ukuba athathe amagugu omdondoshiya engawacelanga? Kungani besilungile/besingalungile?

Ucabanga ukuthi uPhama uzokwenzani ngesikhwama samagugu omdondoshiya nangomculi?

Yini obungayenza ngokuhlukile ukube ubuwuPhama?

Ezibonakalayo

Dweba isithombe sakho sikaPhama kanye nomdondoshiya esibonisa ukuthi umdondoshiya mkhulu kangakanani.

Ukufunda

Yiba umseshi wamagama! Bhekisisa indaba. Ungakwazi yini ukuthola izinto uPhama noma umdondoshiya azihogela, azibona nazinambitha?

Ukubhala

Ake sithi uPhama uyaqala ukubhala kuyidayari yakhe ngosuku agibela ngalo phezulu esiqwini sommbila. Ungase uqale ngokuthi: Dear Dayari, Angeke ukholwe ukuthi kwenzekeni namhlanje …

Umsebenzi wezandla

Gcina izikhwebu zommbila ozidlile. Faka opende abanemibala ehlukahlukene ezitsheni ezincane. Cwilisa izikhwebu zommbila kupende, bese uzisebenzisa ukuze wenze amaphethini kanye nezimo ezingafani ephepheni.

Ukusebenza

Ake sithi ungumdondoshiya omkhulu. Hambahamba ngendlela ocabanga ukuthi angahamba ngayo bese uthi "Hogela-phimisa-finya-suza! Ngizwa igazi lengane!" ngezwi elikhulu, elinamandla.